

# IBhayibheli lami

# Lokusebenzela nokufunda





# Incwadi-1

funda ukufunda nokubhala








bible society
the BIBLE people
since 1820

Ukufunda nokubhala!

Uhlelo **lokufunda nokubhala**

## IBhayibheli lami lokusebenzela nokufunda Incwadi-1

**My first Bible Do and Learn Book** – this basic literacy primer was developed by the Bible Society of South Africa based on the Do and Learn method developed by Dr Rose Botha. This book was first published in English in 2012.

IsiZulu Literacy Project
First digital edition 2017

© Bible Society of South Africa 2017

**Author:** SL Zondi

**Editor:** RG Mchunu

All rights reserved. No part of this book may, without prior written permission of the copyright holder, be reproduced or transmitted in any form or by any means, electronic, mechanical or otherwise, either through photocopying, writing, audio recording, or any other system for information storage and retrieval.

Published by the Bible Society of South Africa
PO Box 5500, Tyger Valley 7536, Bellville
www.biblesociety.co.za

ISBN 978-0-7982-2111-5

# Incwadi KaThisha
# IBhayibheli Lami Lokuqala

## *Umgomo*

Ukukhuliswa kolimi kwenzeka uma kugxilwe ekulandeleni nasekusebenziseni imigomo eyiyo yolimi. Ukuzimisela nokukhuthala kwabafundi kubalulekile ukuze bakwazi ukulukhuluma nokulusebenzisa ngendlela eyiyonayona. Uthisha nomzali kubalulekile ukuthi bakhombise ukukhuthalela konke abafundi abakukhulumayo nabakubhalayo. Uma uthisha efundisa kubalulekile ukuthi abafundi bayazi injongo nenhloso yaleso naleso sifundo.

Izifundo ezisencwadini yomfundi zihlelwe zalungiswa ngendlela yokubhekelela iminyaka yabo. Siphinde futhi sasebenzisa amagama abazosheshe bawaqonde abafundi ezindaweni lapho ngibone khona ukuthi amagama asetshenzisiwe aqine kakhulu ukuthi abantwana bangasheshe bawaqonde. Ungaphinda futhi ubafundele abafundi indaba yonke njengoba injalo eBhayibhelini ukuze bathole isithombe esiphelele sendaba.

Nansi imiphumela yezifundo okulindeleke ukuthi abantwana bayazi emva kwaleso naleso sifundo:

- Ukukwazi ukufunda nokuphimisa onkamisa nongwaqa.
- Ukukwazi ukusebenzisa iziphumuzi uma befunda nokusebenzisa amehlo abo omqondo ngokwenzakalayo.
- Bakwazi ukufunda banyuse futhi behlise iphimbo.
- Ukubanika umsebenzi ozokwazi ukulola imiqondo yabo.
- Bakwazi ukuxoxa indaba akade beyifundelwa ngokwabo
- Ukulalela ngokucophelela
- Ukufunda ngokucophelela
- Ukubhala ngokucophelela
- Ukuziqoqela ulwazi-magama (isichazamazwi)
- Ukukwazi ukuhlanganisa baqondanise isithombe nalokho esikushoyo nesikuchazayo
- Bakwazi ukubona izinto ezifanayo nalezo ezingafani
- Ukukwazi ukudlulisa umyalezo

## *Landela imihlahlandlela!*

Izithombe ezingezansi zisiza uthisha nabafundi ukuze bakwazi ukulandela imiyalelo yaleso naleso sifundo.


Umsizi/uthisha – Uyabafundela futhi acacise.


Buka – Abafundi babuka amagama.


Ipensela – Abafundi bayabhala.


Khuluma – Abafundi baphinda amagama noma baphendule imibuzo.


Funa uthole – Abafundi babheka bathole amagama.


Ipensela elinombala – Abafundi bayadweba bafake imibala.


Asisebenze – Lolu phawu luveza umsebenzi womfundi.


Ukushaya izandla – Abafundi bashaya izandla babale.


Ukuthikha – Abafundi bathikha izimpendulo abazitholile.

© Bible Society of South Africa 2017

## *Isifundo 1 – Onhlamvunye*

Le ncwadi ilungiselelwe abantwana abaneminyaka esukela kwemihlanu ukuya kweyisikhombisa. Abazali nothisha bakaSonto-sikole bavumelekile ukubasiza nokubalekelela abantwana bakwazi ukufunda. Lapha abantwana banikwa ithuba lokufunda imisindo nendlela ebizwa ngayo. Lokhu kwenzelwa ukuthi abantwana bakuthole kulula ukufunda isiZulu. Amagama amaningi angonhlamvunye ngamagama iningi lawo atholakalayo eBhayibhelini. Imisindo ibhalwe yaba ngofeleba (osonhlamvukazi) kanye nezinhlamvu ezincane.

**Thisha/Msizi**

Inhloso yalesi sifundo ukufundisa abantwana imisindo, okungongwaqa kanye nonkamisa. Bafundise abantwana le misindo, bese bewabhala onke amagama. Mababhale imisindo beqala ngohlamvu oluncane bese begcina ngosonhlamvukazi.

Abantwana bahlalise ngokweminyaka yabo. Abasebancane kakhulu abasaqala isikole mababhale laba onkamisa: a, e, i, o, u. Ababbhale babaphindaphinde labo nkamisa baze babajwayele.

## *Isifundo 2 – Onhlamvumbili*

Uma abantwana ezinkonzweni bebekwa ngokweminyaka, uthisha makaqinisekise ukuthi bayasizana ukufunda amagama amasha. Uma sebeqedile ukufunda imisindo engonhlamvunye kwisifundo sokuqala, sidlulela konhlamvumbili nonhlamvuntathu ngendlela esiwabiza ngayo amagama esiZulu ukwenzela ukuthi kube lula ukuwafunda. Bakhuthaze abantwana ukuthi bakhe awabo amagama besebenzisa imisindo asebeyifundile futhi bayiphimise ngemilomo yabo leyo misindo, emva kwalokho bayibhale phansi.

**Thisha/Msizi**

Bakhuthaze abafundi babhale imisho ngamagama abawafundile ukuqinisekisa ukuthi bayawaqonda.

## *Isifundo 3 – Yimi lo*

Abafundi bakhuthazwa ukudweba ukuze babe nokuzethemba. Qaphela thisha ukuthi awukho umdwebo olungile nongalunganga. Yonke imidwebo kubalulekile ukuthi uyincome. Babhala imininingwane yabo yonke besizwa ngothisha, abazali nabafowabo nodadewabo emakhaya. Bakhuthaze abafundi ukuthi bacele usizo emakhaya ngomsebenzi obanikeze wona.

## *Isifundo 4 – Indalo kaNkulunkulu*

Abafundi bafundiswa ngendalo kaNkulunkulu. Bafundise ukubheka isithombe, babhekisise negama. Abawafunde onke amagama, emva kwalokho baqale ukubhala amagama ngemisindo abayinikiwe: Isibonelo -

nd – indoda    ny – inyanga    ng – ingelosi

## *Isifundo 5 – Umthandazo wabantwana*

Nika abafundi ithuba lokusho izinto abafisa ukuzithandazela.

**Thisha/Msizi**

Abafundi ababheke amagama anemisindo engu-Ss kanye no-Yy esifundweni. Banike ithuba lokuthi bafake nawabo amagama aneminye imisindo abawathole endabeni.


© Bible Society of South Africa 2017

## *Isifundo 6 – Umkhumbi kaNowa*

**Thisha/Msizi**

Abafundi abaxoxe ngesithombe somkhumbi kaNowa. Badedele baxoxe ngokukhululeka. Mhlambe abanye bake bawubona kumabonakude.

## *Isifundo 7 – Uzamcolo*

**Thisha/Msizi**

Abafundi abacabange zonke izilwane ezifuywayo ekhaya kanye nalezo zasendle.
Bakhuthaze ukuthi badwebe noma isiphi isilwane abathanda ukusidweba.

## *Isifundo 8 – Yayeka ukuna imvula*

Abafundi abakhulume ngobuhle nobubi bemvula. Bakhombise uthingo lwenkosazane nemibala yalo, bachazele ukuthi luvela uma kunjani. Abafundi abadwebe uthingo lwenkosazane bafake yonke imibala yalo.

## *Isifundo 9 – Umsebenzi wokubala*

**Thisha/Msizi**

Bafundele abantwana ube ubakhombisa isithombe esiyinani lalokho okufundayo. Funda ngesineke uqikelele ukuthi bayakuzwa uphimisa izinhlamvu zokubala. Uma sewubale waze wafika kokuhlanu (kade ubakhombisa inani lalokho okufundayo), bacele nabo basho emva kwakho nize nifike kokuyisihlanu. Qikelela ukuthi bayasijabulela lesi sifundo. Ningazisho futhi izinombolo zibe samlolozelo ukuze bajabule.

## *Isifundo 10 – UMose utholwa emanzini*

Abantwana abakhulume ngesithombe sikaMose. Bavumele baxoxe ngempilo kaMose.
Ungabakhuthaza ukuthi benze nomdlalo ngempilo kaMose, bethathela ezithombeni.

## *Isifundo 11 – UMose ukhipha abantwana bakwa-Israyeli eGibithe*

Bakhuthaze abantwana ukuthi badwebe ubuso obujabule nobuso obukhathazekile. Khumbula ukuthi awukho umdwebo ongalungile.

Abantwana ababhekisise imidwebo yomibili bathole futhi baveze izinto ezingumehluko phakathi kwemidwebo yomibili. Banike isikhathi esanele sokuthi bathole izinto ezifanayo nezingafani emidwebweni yomibili. Zama ngayo yonke indlela ukuthi abafundi bawujabulele lo msebenzi. Mabazikokelezele izinto ezingefani.

## *Isifundo 12 – Imithetho eyishumi*

**Thisha/Msizi**

Bavumele abantwana bayihaye samulolozelo imithetho eyishumi, bazame ukuveza ukuthi bayayiqonda ukuthi isho ukuthini. Banike umthetho ube munye, bese beyaqagela ukuthi ungowesingaki. Qaphela ukuthi yonke le nto bayenza ngokuyijabulela.

© Bible Society of South Africa 2017

## *Isifundo 13 – UDavide ungumelusi wezimvu*
Emva kokufunda indaba ngoDavide ezincwadini zabo, abafune bathole izimvu zikaDavide ngokulandela umugqa ongena esibayeni. Basize thisha bangashayisi odongeni. Bazowujabulela kakhulu lo msebenzi.

## *Isifundo 14 – UDavide ulwa nendoda eyisidlakela*
Bafundele indaba yesidlakela esinguGoliyati. Baphendule imibuzo ngesifundo. Banikeze ithuba lokulingisa nokuveza izidlakela zikaGoliyati. Emva kwalokho bazobheka amagama akwisiphicwaphicwano.

Hlola ulwazi lwabo:
Banikeze ulwazi olungesilona iqiniso, umfanekiso:
UGoliyati wayemncane kakhulu. Wayenenhlonipho, enesizotha futhi elungile. Abantu babemthanda uGoliyati. Bakhuthaze abafundi ukuthi bakunikeze ulwazi nezibonelo eziyizo ngoGoliyati njengoba kubhalwe eBhayibhelini.

**Isivivinyo**

Akhona amagama aphelele abhalwe kwiphazili, banike abafundi ithuba lokuwafuna. Khumbula ukuthi kusenokubathatha isikhathi eside ukuwathola la magama. Yiba nesineke baze bawathole. Ungakhohlwa ukubancoma uma sebewatholile.

## *Isifundo 15 – UDaniyeli nezingonyama*
Bafundele indaba ngoDaniyeli, bese bephendula imibuzo babheke ezithombeni. Bakhuthaze ukuthi babhale amagama abhalwe ngamachashaza ezincwadini zabo zokubhalela.

## *Isifundo 16 – Ukuzalwa kukaJesu*
Abafundi ababhekisise konke okusezithombeni. Abadwebe indilinga kulelo nalelo gama asebelitholile esithombeni.

## *Isifundo 17 – Izazi zeza nezipho*
Mabaxoxe ngezipho ezaphiwa uJesu yizazi, okuyilezi:
Igolide
Amakha
Inhlaka
Bakhuthaze abafundi ukuthi babuze kubazali babo ukuthi yini amakha nehlaka.

## *Isifundo 18 – Izithombe ngokuzalwa kukaJesu*
Hlola ulwazi lwabo:
Sebenzisa ishadi lezithombe kanye namagama. Abafundi mabaqondanise amagama nezithombe eziwachazayo. Bavumele balekelelane ukuze bakuthokozele ukuhlolwa kwabo.

## *Isifundo 19 – UHerode ufuna ukubulala umntwana uJesu*
Balekelele abafundi bathathe umntwana uJesu baye naye eGibithe emdwebeni.

## *Isifundo 20 – UJesu wenza umsebenzi kaNkulunkulu*
UJesu uthanda wonke umuntu. Bakhuthaze abantwana bakhulume ngendlela abathanda ngayo uJesu.
Mababhale umusho othi: UJesu uyangithanda.
Emva kwalokho babhalele impendulo bese beyazihlola besizana.


© Bible Society of South Africa 2017

## *Isifundo 21 – UJesu usifundisa ukuthandaza*

Bafundise abafundi ukukhuthalela ukuthandaza njengoDavide. Abafundi abawufunde bawazi ngekhanda lo mthandazo. Bafundise umthandazo weNkosi othi “Baba wethu osezulwini”.

## *Isifundo 22 – UJesu uyedlula emhlabeni*

Bafundele indaba ungayisheshisi. Babuze imibuzo efana nalena elandelayo:

1. Wafela kuphi uJesu na?
2. Ngabe umzimba kaJesu usesethuneni yini namanje na?
3. Ngabe wavuka ngemva kwezinsuku ezingaki uJesu na?
4. Ngabe wahamba ngani uJesu ukuya ezulwini na?

Abafundi mabadwebe isithombe sesiphambano.

## *Isifundo 23 – Ukucula*

Babuze imibuzo ngaleli culo:

1. Ngabe likhuluma ngobani leli culo na?
2. Ngabe lisifundisani thina leli culo na?

**Thisha/Msizi**

- Bakhuthaze abantwana bazame ukucula leli culo ngesigqi seculo elithi “Waklazulwa ngenxa yami”. Baculele wena leli culo ukuze bezwe indlela eliculwa ngayo.
- Akuxoxwe ngokubaluleka kwemfundo nobuhle bokufunda. Banikeze ithuba lokuthi bonke bakhulume kule ngxoxo. Khumbula ukuthi ayikho impendulo elungile noma engalungile, inhloso nje ukuthi abafundi baveze imibono yabo.

© Bible Society of South Africa 2017

| | | | |
|---|---|---|---|
| a  i-aphula | b  abelusi | c  iculo | d  uDavide |
| e  u-Eli | f  ufudu | g  ugandaganda | h  uheshane |
| i  u-Isaka | j  uJesu | k  ikameli | l  iladi |
| m  uMarku | n  uNowa | o  u-Orpa | p  ipeni |
| q  qoba | r  irula | s  isango | t  utamatisi |
| u  umuntu | v  ivila | w  amawele | x  ixoxo |
| y  iyoyo | z  izambane | | |



© Bible Society of South Africa 2017

# Isifundo 2 - Onhlamvumbili

| | | | |
|---|---|---|---|
| nk  inkomo | ng  ingane | nt  intaba | ny  inyoni |
| sh  ishongololo | kh  ikhanda | bh  ibhola | th  ithole |
| mp  impungushe | mb  imbongolo | mv  imvula | ms  umsele |
| hl  isihlahla | dl  ukudla | nd  indoda | nj  inja |
| mn  umnenke | ns  insizwa | mf  umfula | dw  dweba |

 yiqanda

 kubili

 kune

 kunye

 kuthathu

 kuhlanu

© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 3

# Yimi lo



imvu



abelusi

## Dweba umfanekiso wakho:





© Bible Society of South Africa 2017

## Asiphendule le mibuzo elandelayo:



Igama lami ngingu: ...........................................................

Isibongo sami ngingu: ........................................................



Umama wami u: .......................................................

Ubaba wami u: ..........................................................

Ngihlala e: ......................................................................



## Masibhale amagama ngale misindo:

K k

F f

Y y

G g

P p

© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 4

# Indalo kaNkulunkulu







UGenesise 1:1-26

UNkulunkulu wadala:

Usuku 1




Usuku 2




Usuku 3




Usuku 4




Usuku 5




Usuku 6




Usuku 7





© Bible Society of South Africa 2017

## Masibhale amagama ngale misindo:

B b

H h

W w

T t

## Faka umbala kulo mhlaba:



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 5

# Umthandazo wabantwana


thandaza


inyanga

1. Sibonga impilo kumama.
2. Sibonga impilo kubaba.
3. Sibonga impilo nokudla namanzi.
4. Sibonga ikhaya lethu.
5. Sibonga uthando lwakho.

Masibhale amagama ngale misindo:

S s

Y y



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 6

# Umkhumbi kaNowa



uNowa



umkhumbi



UGenesise 6:1-22

  

UNkulunkulu wayalela uNowa ukuba akhe



umkhumbi.



Wathi makafake zonke izilwane

emkhunjini.

| | | | |
|---|---|---|---|
|  ikati |  imvu |  ibhubesi |  ijuba |
|  inyoka |  igundane |  imbongolo |  imbuzi |

© Bible Society of South Africa 2017

Siza izilwane zithole indawo yazo emkhunjini:





© Bible Society of South Africa 2017

Yiziphi ezinye izilwane esizikhohliwe?

Dweba isilwane osithandayo sibe sinye:



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 7

# Uzamcolo



uNowa



imvula



## UGenesise 7:10-17

Yana imvula.



Imini nobusuku obungamashumi amane (40).




| uMbasa | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| 1 | 2 | 3 | 4 | 5 | 6 | 7 |
| 8 | 9 | 10 | 11 | 12 | 13 | 14 |
| 15 | 16 | 17 | 18 | 19 | 20 | 21 |
| 22 | 23 | 24 | 25 | 26 | 27 | 28 |
| 29 | 30 | | | | | |

| uNhlaba | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| 1 | 2 | 3 | 4 | 5 | 6 | 7 |
| 8 | 9 | 10 | 11 | 12 | 13 | 14 |
| 15 | 16 | 17 | 18 | 19 | 20 | 21 |
| 22 | 23 | 24 | 25 | 26 | 27 | 28 |
| 29 | 30 | 31 | | | | |


© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 8

# Yayeka ukuna imvula



Uthingo lwenkosazana




yayeka



UGenesise 7:24

Amanzi agcwala imifula nemigwaqo.

Yayeka ukuna imvula.

Zaphuma izilwane emkhunjini.



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 9

# Umsebenzi wokubala



ishumi



utshani

## Masifunde, sibale:

1. Imvu eyodwa



2. Amajuba amabili



3. Izimbongolo ezintathu



4. Amazinyane amane



5. Amakati amahlanu




© Bible Society of South Africa 2017

## Asidwebe izithombe zezilwane ngokwamanani azo:

1. ..........................................................................................



2. ..........................................................................................



3. ..........................................................................................



4. ..........................................................................................



5. ..........................................................................................






© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 10

# UMose utholwa emanzini



ibhokisi lebungu elinomntwana



Inkosi uFaro

U-Eksodusi 2:1-10

| | | | |
|---|---|---|---|
|  Inkosi uFaro |  Indodakazi kaFaro |  Umfula |  Ibhokisi lebungu elinomntwana |
|  Umntwana womfana |  Umhlanga |  Intombazane |  Umama kaMose |
|  Umntwana womfana okhalayo |  Wamthanda |  Wamqamba igama elithi nguMose |  Wafuna umuntu ozomgada |



© Bible Society of South Africa 2017

Asibhale amagama ngale misindo:




Funa igama elithi uMose bese ulufaka umbala:




© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 11

# UMose ukhipha abantwana bakwa-Israyeli eGibithe



UMose

## U-Eksodusi 3:1-10



UMose wabakhipha eGibithe abantwana

bakwa-Israyeli.



Abantwana bakwa-Israyeli babeyiziggila.

UNkulunkulu wavula indlela phakathi

olwandle olubomvu wabasindisa.

Bawela ulwandle, bajabula kakhulu.

Asidwebe ubuso: Obukhathazekile Obujabulile



© Bible Society of South Africa 2017



 Asifune izinto ezingafani kulezi zithombe ezimbili bese siyazikokelezela:



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 12

# Imithetho eyishumi


imithetho


intaba

U-Eksodusi 20:1-17

UMose wenyukela entabeni.

UNkulunkulu wamnika imithetho eyishumi.

## Asifunde le mithetho yonke: 1 2 3 4 5 6 7 8 9 10

1. NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila. Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.
2. Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wenye into.



© Bible Society of South Africa 2017




3. Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe.

4. Khumbula usuku lwesabatha,  ulungcwelise.

 

5. Yazisa uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

6. Ungabulali. 

 

7. Thembeka kunkosikazi nakumyeni wakho.

8. Ungebi. 




9. Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.



10. Ungafisi indlu yomakhelwane wakho, nento yomakhelwane wakho.

© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 13

# UDavide ungumelusi wezimvu


UDavide


ihabhu

 1 uSamuweli 17:34-36

UDavide wayelusa izimvu zikababa wakhe.
Wayezivikela emabhubesini nasemabheleni.
Wayethanda ukudlala ihabhu.
Wayethanda ukuthandaza futhi emdumisa uNkulunkulu.

 Asisize uDavide athole izimvu zikababa wakhe:





© Bible Society of South Africa 2017

## Asifunde lo mthandazo:

UJehova ungumalusi wami.

Uma ngifikelwa ukwesaba Yena unginika amandla.

Uma ngingedwa uhamba nami.



Ngiyohlala ngimthanda imihla yonke yokuphila kwami.

## Landelela noma udwebe izandla ezithandazayo:



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 14

# UDavide ulwa nendoda eyisidlakela


UGoliyati

I uSamuweli 17:31-51

UGoliyati wayeyindoda
eyisikhondlakhondla esatshwayo.
Wayemkhulu kakhulu, enamandla.
Wayefuna ukubulala abantu
bakaNkulunkulu.
Wayephethe ingcula, umkhonto nesihlangu.
Abantu babemusaba kakhulu.
UDavide yena wayengamusabi, futhi
enesibindi.
Wambulala ngendwayimana namatshe
abushelelezi ayisihlanu.
UDavide waba iqhawe elidumile kakhulu.


© Bible Society of South Africa 2017

Ake sibheke la magama alandelayo kwisiphicwaphicwano esingezansi:

| | |
|---|---|
| davide | isigebengu |
| cula | malusi |
| izimvu | thandaza |

| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| i | d | a | v | i | d | e | t | w | s |
| s | o | q | s | c | s | m | h | f | a |
| i | v | y | s | a | n | e | a | m | i |
| g | m | a | l | u | s | i | n | d | l |
| e | l | k | c | u | l | a | d | a | k |
| b | c | v | f | w | k | o | a | j | m |
| e | f | b | a | x | x | y | z | s | b |
| n | y | q | u | w | z | r | a | j | r |
| g | i | s | b | r | x | k | j | h | d |
| u | t | v | i | z | i | m | v | u | i |

© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 15

# UDaniyeli nezingonyama



UDaniyeli



emphandwini

UDaniyeli 6:1-28

UDaniyeli wayehlala ezweni elikude.

Wayengavunyelwa ukuba athandaze

kuNkulunkulu ophilayo.

Abantu abagangile batshela inkosi ukuthi

uDaniyeli ukhonza uNkulunkulu wakhe.

UDaniyeli wafakwa emphandwini

wezingonyama. Inkosi yakhathazeka kakhulu.

UDaniyeli wabe engumuntu olunge kakhulu.

Izingonyama azizange zimulimaze.

UNkulunkulu wamuhlenga.

Yajabula kakhulu inkosi ukubona ukuthi

izingonyama azimulimazanga uDaniyeli.



© Bible Society of South Africa 2017

## Asibhale la magama ngokugqamile:

uDaniyeli



uNkulunkulu



Inkosi



Izingonyama



Thandaza



Emphandwini



Wamuvikela



Ukhonza



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 16

# Ukuzalwa kukaJesu








NgokukaMathewu 1:18-25


Dweba indilinga:

kuMariya
kuJosefa
kumntwana uJesu

embuzini
imvu
enkanyezini




© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 17

# Izazi zeza nezipho


izazi


inkanyezi


NgokukaMathewu 2:1-15

Izazi zabona inkanyezi enkulu esibhakabhakeni.

"Uphi lowo ozelwe eyinkosi yabaJuda na, size ukukhuleka kuye?" Babuza inkosi uHerode.

Izazi zalandela inkanyezi zayongena emkhombeni.

Zamthola uJesu zamupha izipho, zakhuleka kuye.

Ake sibhale amagama ngalo msindo:

z

Isifundo 18

# Izithombe ngokuzalwa kukaJesu

| | |
|---|---|
|  |  |
| ukukhonza nokudumisa | ingelosi |

## NgokukaLuka 2:1-20

Asifunde nabangani bethu amagama angezansi kwezithombe:

| | | | |
|---|---|---|---|
|  abelusi |  izazi |  izipho |  uMariya unina kaJesu |
|  uJosefa ubaba kaJesu |  izinkanyezi |  izimvu |  imbongolo |
|  imbuzi |  ikati |  igundane |  ijuba |



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 19

# UHerode ufuna ukubulala umntwana uJesu



uHerode



ukubulala

NgokukaMathewu 2:1-23

Inkosi uHerode wathukuthela.
Wafuna ukumbulala uJesu.
Waqamba amanga wathi naye ufuna ukumkhonza.
UJosefa noMariya bathatha umntwana baya eGibithe.

Sheshisa uthathe umntwana uJesu uye naye eGibithe.



Isifundo 20



UJesu

# UJesu wenza umsebenzi kaNkulunkulu

NgokukaLuka 2:41-52

UJesu wafundisa abantu ukuthi uNkulunkulu ulungile. Wathi uNkulunkulu ubathanda bonke abantu. Waphilisa abagulayo. Wafundisa abantu ukwenza okulungile. Wabafundisa nokuthi bathandane futhi bathethelelane. UJesu uthanda wonke umuntu omkhulu nomncane.

Asibhale lo musho: UJesu uyangithanda



© Bible Society of South Africa 2017

# Isivivinyo

## Qedela la magama:

| | | |
|---|---|---|
|  ila.......................... |  inya...................... |  izink...................... |
|  utsh..................... |  imb...................... |  isi.......................... |
|  imini nobu........... |  aba...................... |  isibhaka............... |
|  ulwa...................... |  umhla.................. |  izinyo.................... |

© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 21

# UJesu usifundisa ukuthandaza



usifundisa



Ngokukaluka 11:2-4

Baba wethu osezulwini, sibonga igama lakho lakho elingcwele.

Siyakubonga ngokusinika isinkwa sethu semihla ngemihla.

Usithethelele amacala ethu.

Sisize sibathethelele abanamacala kithi.

Sifundise ukwenza okulungileyo. Amen.

Asigcwalise izikhala ngamagama afanele:

Wena unguBa........................................ wethu.

Thina singabantwa........................................ bakho.

Uyasitha........................................ nathi futhi

siyakutha........................................ .



© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 22

# UJesu uyedlula emhlabeni



wafa



ezulwini

NgokukaMarku 16:19-20

UJesu wabethelwa esiphambanweni wafa.

Abantu babengakholwa ukuthi uyindodana kaNkulunkulu.

Izihlobo nabangani bakhe baba nosizi olukhulu.

Emva kwezinsuku ezintathu wavuka ekufeni.

Izihlobo nabangani bakhe bajabula kakhulu.

Wenyukela ezulwini ngefu.

Umoya wakhe usezinhliziyweni zethu.

Usifundisa ukuthanda uNkulunkulu nabantu.

Izihlobo nabangani bakaJesu zitshela umhlaba wonke ngothando lwakhe.

© Bible Society of South Africa 2017

Ake sibhale lo musho ngezansi: UJesu ohlala ezulwini uyasithanda

Asidwebe isithombe sesiphambano:





© Bible Society of South Africa 2017

Isifundo 23

# Ukucula



iculo



uMoya oNgcwele

Masicule leli culo ngesigqi seculo elithi "Njengebhadi libhadula" noma ngesigqi seculo elithi "Waklazulwa ngenxa yami"

Masizame ngezinhliziyo
Ukuzuz'ulwazi
Singahlal'ebumnyameni
Sibe nokukhanya

Kodwa sinezincwadi
Zokusibonisa
Ngakho masifunde zona
Siziqaphele. Amen

© Bible Society of South Africa 2017



Lencwadi inikeza abantwana abancane kanye nalabo abaqala ukufunda noma bekuyiphi iminyaka ithuba lokufunda ngobuhle nokuceba kwezindaba eziseBhayibhelini nabalingiswa abagqamile. Yesekelwe emigomweni nakwinqubo Yokufunda Nokwenza ehlanganisa konke ukwazi nokuhlakanipha kwabafundi ekufundeni. Ukufundisa kwenziwe kwaba lula ngokusebenzisa izithombe, amashadi anezithombe nemibhalo nencwadi kathisha.

Sebenzisa amashadi anezithombe nemibhalo ekufundiseni:




Ukubhala ube usizwa imisebenzi yezithombe kwenza ukuthi ukufunda kube lula futhi kube mnandi:





Funda ngabalingiswa bakho obathandayo abaseBhayibhelini:




Distributed by the Bible Society of South Africa
www.biblesociety.co.za
United Bible Societies is an NGO partner with UNESCO.